MISSION KWASIZABANTU
Ezekiel 17:23

Tel: +27 (0) 32 481 5500
Fax: +27 (0) 32 481 5510
Private Bag 260, Kranskop, 3268
South Africa
Email: mail@kwasizabantu.org.za
Web: www.kwasizabantu.org.za
PBO No: 930014821

Okukhishelwe Abezindaba

Date: 25 September 2020

Embargo: Immediate Release (Akukabi okukawonkewonke kusanda kukhishwa)

I-aQuellé eyisisulu soqobo

IKwasizabantu mission kanye nama projects ayo i-aQuellé ne-Emseni Farming isibe ngaphansi kokuhlaselwa okukhulu ngezinsolo eziningi, kubalwa ukunukubeza ngokocansi, ukukhwabanisa izimali kanye nokuba yi nkoloze. Eziningi zalezi zinsolo azivezi imininingwane ecacile futhi azikhulumi ngokuqondile. Lokhu kwenza kube nzima ukuphendula ngendlela egculisayo. Inhloso esobala yale ndlela yokuhlasela ngodlame wukuba kungabi lula ukuphendula zonke izinsolo. Akungabazeki ukuthi lokhu kwenzelwa ukuthi uma kusala noma eyodwa yalezi zinsolo, laba abahlaselayo bazobe sebephumelele kulabo abenza ngokuxhamazela esikhundleni sokuthi bame emigomeni yabo.

Ukuze sibhekane nalokhu, nakhu esikwenzile:

1. **Ngenhloso yokwenza izethulo kwi Phaneli yethu, siqale ukuphenya ngalezi zinsolo.** Yize noma singahlosile ukuyihambela phambili iphaneli (izethulo zizohanjiswa kwiphaneli ezinsukwini iziyi-7 kuya kweziyi-10 ezilandelayo) kodwa ukuze sehlise umonakalo osuwenzekile kwiMishini ngenxa yalokhu kuhlaselwa okunonya ngenhloso yokulimaza, iMishini inikeza izimpendulo ezivela ocwaningweni olwenziwe yiyo, yize noma isikhathi ebinaso ukwenza lokhu besingesingi.
2. Siyaphenya futhi ukuthi ingabe ayikho yini inzuzo eyenziwe yiNews24 eqondene nqgo noma evele ngenxa yalokhu “kubika” okunenhloso yokulimaza. Sibheka ukuthi umkhiqizo abawenzile obizwa nge “EXODUS” ube namthelela muni kubathengi bayo nenzuzo yezezimali kulabo abasihlaselayo.

IZINSOLO SOKUDLWENGULA NOKUNUKUKUBEZA NGOKOCANSI

<u>Amanda (akulona igama lakhe langempela)</u>

Engxoxweni evele kwi “EXODUS” u Amanda uveza izinsolo zokuthi wanukubezwa “ngoswazi lokomoya” olwaluhlanganisa ukudlwengulwa kanye nokunukubezwa ngokocansi.

Siyazwelana kakhulu nabantu abayizisulu sokuhlukunyezwa ngenxa yalokho bengalimala kalula, kodwa, siyaqinisekisa ukuthi asinalo ulwazi ngalesi sigameko.

Erika Bornman

Uveza izinsolo zokuthi wanukubezwa ngokocansi, lokhu kwenziwa nguMnu. Muzi Kunene. Uthi akabikelanga muntu ngesikhathi kwenzeka. Futhi uthi wabikela uMfundisi Stegen emva kokuba esehambile eMishini. Futhi usola ngokuthi waxoshwa wakhishelwa ngaphandle kwesikole saseMishini eneminyaka eyi 16 futhi ngaso leso sikhathi umama wakhe wamxosha ekhaya.

Imishini kanye nomama wakhe u-Erika iyakuphika ukuthi u-Erika wamiswa wamiswa wakhishelwa ngaphandle. Futhi siyakuphika ukuthi waxoshwa yimishini noma umama wakhe. Imishini akukho ekwaziyo okufakazela lezi zinsolo zika-Erika zokuthi wake wabika ukuthi wanukubezwa ngokocansi emva kokuba ehambile eMishini. Wahamba eneminyaka eyi21 hhayi eyi-16 njengokuba esho.

Marietjie Bothma

IMishini ibingenalo ulwazi ngezinsolo ezivele ezindabeni eziphathelene nokunukubezwa ngokocansi kanye nokunye ukuhlukunyezwa. Siyaqonda ubuhlungu ubuzwiwa yingane encane ebuthaka futhi engenakuzilwela lapho ibhekana nokuhlumezeka. Kodwa ubalule ukuthi lesi sigameko senzeka endlini yenkonzo ngonyaka ka 1988 kodwa umndeni wakhe wangena kuleyo ndlu ngonyaka ka 1993. Obekwaziwa yiMishini ukuthi udadewabo wayeke wahlukunyezwe ngubaba wakhe ongamzali. Lolu daba lwasetshenzwa emva kokuba udade wabo eluvezile. Ubaba wakhe washiya eMishini emva kwalokho, yena usedlulile emhlabeni.

Chantal Engelbrecht

Uveza izinsolo zokuthi wanukubezwa “engakabi neminyaka eyi16, ngaphambi kuka- August 1985. Futhi uthi wakuveza lokhu emaphoyiseni ngo Novemba 2019.

Lesi sigameko asenzekanga eMishini noma emsebenzini ohlangene neMishini. Ubengahlali eMishini, engaqashiwe futhi engafundi eMishini – bebeza enkonzweni. Sesikhulumile naloyo wesilisa owayenaye ngaleso sikhathi. Uphenyo lwethu luveze ukuthi uyena owaveza kumaluleki wokomoya ngezabo 1987 ukuthi yena no Chantal bebenokuzwana ngaphandle komshado ngawo lowo nyaka. Lokhu kuvuma kakhe ngaleso sikhathi kwasetshenzwa ngumaluleki wokomoya ngaso leso sikhathi.

Nelda (akulona igama lakhe langempela)

UNelda ubeka izinsolo zokuthi wadlwengulwa ngo-1980 eneminyaka eyi-5. Wazama ukukucima lokho emqondweni wakhe, wakubeka eceleni. Uthi ngesikhathi eseniminyaka eyi-16 wakwazi ukukubeka ngamagama ukuthi kwenzakalani. Emva konyaka owodwa, wayesetshela abazali bakhe. Ngesikhathi ebikela abazali bakhe, umndeni ubungasahlali eMishini. Akukho obala ukuthi abazali baya yini emaphoyiseni ukufaka icala ngoba akukaze kufike iziphathimandla ukuzophenya ngalokhu.

Ngesingasekela kukho singaba nolwazi lokuhlawumbisela ukuthi ubani uNelda nokuthi lokho akushoyo akunalo iqiniso. Izizathu zalokhu esikushoyo sizozithumela kwiphaneli futhi sizomumema ukuthi aveze

imininingwane egcwele yezinsolo zakhe.

UKUHLOLWA KWEZINTOMBI

Izinsolo: iMishini ibekezelele, yathalalisa futhi/noma yalekelela ekuhlolweni kwezintombi okuphikisana nesigabana 12 (4) kuya ku (6) soMthetho oqondene nabaNtwana ka-2005.

Impendulo: ngonyaka ka-1986 kuqala isikole, abazali babafundi ababesesikoleni abangamaZulu kwaba nesikhathi lapho baligcizelela leli siko ukuba lenziwe kubantwana babo (hhayi njengenqubo yesikole kodwa ngokwabo). Kuleso sikhathi kwakukhona abafundi abangu-85% bamaZulu futhi iMishini yaqala ayangazizwela ukuthi iqhakambise isiko laseNtshonalanga ukuqeda leli siko. Emva kokuxhumana nabazali, leli siko alibange lisaqhutshwa kusukela ngo-2002.

UKUJEZISWA NGENDUKU

Impendulo mayelana nokuhlukunyezwa ngokomzimba: kwakuyinqubo yesikole saseMishini kusukela siqala ngo-1986 ukusebenzisa induku ngendlela ejwayelekile futhi engahlukile kuleyo yezinye izikole zazeNingizimu Afrika ngaleso sikhathi. Ngo-1994, sekusele unyaka owodwa ukuthi uMnyango Wezemfundo uvale induku, isikole sase siyivalile. Ngasekuqaleni kuka-1996 yavalwa ngokusemthethweni emhlanganweni oyisipesheli wabazali.

Kwaba khona ukusetshenziswa kwenduku okungamukelekile ngaphambi kuka-1994, nokho ibandla lakuqondisa lokho ngezimfundiso zalo. (njengoba sake sasho naphambilini, siyaphinda futhi: uma kukhona okwasala mayelana nokujeziswa ngenduku okwenzeka ngaphambi kuka-1994, labo abathintekayo sicela ukuthi baziveze ukuze kubuyiswane).

IMishini ayihambelani nodlame oluqondene nobulili noma ngabe yiluphi uhlobo. Yize bungekho ubufakazi obuphathekayo obusekela izinsolo kulokhu, iMishini iyazwelana nalokhu futhi iyabasekela labo abayizisulu zokudlwengula kanye/noma ukunukubezwa ngokocansi.

Ngesikhathi ithimba lenza ucwaningo olujulile kubonakala umkhondo oveza ukuba khona komkhankaso oqonde ukuhlakaza izakhiwo kanye nokuzama ukuthatha iMishini nezinkampani ye-aQuelle kanye ne-Emseni Farming.

Imininingwane eminye izovezwa uma ucwanigo seluphothuliwe.

Contact details: Elfrieda Fleischmann 032 481 5643